

ETHEKWINI MUNICIPALITY

# UMASIPALA WASETHEKWINI UMEMA IZIPHAKAMISO KUBAHLELI BEMICIMBI ZOKUBAMBISANA NAWO EKUKHANGISENI IZINDAWO ZOKUVAKASHA

*UDurban Tourism kaMasipala weTheku umema abantu abanamakhono afanele, isipiliyoni futhi abasendimeni yotshalomali olwakhelwe phezu kwesisekelo somkhakha wezokuvakasha ukuba balethe iziphakamiso zokukhangisa zokuvakasha maqondana nesikhathi sasebusika buka-2025/2026 kanye nesamaholide (Julayi 2025 kuya kuJanuwari 2026. Imicimbi ehlongozwayo kufanele ihehe kakhulu, ikhombise impilo nabantu abahlukahlukene baseThekwini, ikwazi ukuheha izivakashi zakuleli nezasemazweni angaphandle.*

LESI simemo seseka futhi sihambisana nenjongo yePulani 2 yoHlelo Lwentuthuko Edidiyele (IDP) lukamasipala weTheku lokuthuthukisa umnotho nokwakha amathuba omsebenzi okuhloswe ngakho ukwenza iTheku iTheku libe iyona ndawo elangazelelwa kakhulu yizivakashi zakuleli nezasemazweni angaphandle ezizele ukuzokungcebeleka noma ezize ngebhizinisi noma ezizothamela imidlalo. Lokhu kuphinde kuhambisane neSu LeTheku Lokuheha Izivakashi elaphasiswa ngo-Okthoba 2022 lokwenza iTheku libe yilona khaya lemidlalo lase-Afrika.

## LESI SIMEMO SIZOKWENZA UDURBAN TOURISM AKWAZI UKUMAKETHA ITHEKU NOKUGQUGQUZELA EZOKUVAKASHA NGOKWENZA LOKHU:

- Ukuhlela nokulawula ikhalenda lemicimbi elihleleke kahle
- Ukwenza ikhalenda lemicimbi lihambisane kahle nezikhathi namasizini ezokuvakasha eThekwini.
- Ukuhlela amaphakheji ezokuvakasha eThekwini ngokubambisana nabasemkhakheni wezokuvakasha ukuze kufakwe nemicimbi ehambisana nohlelo lokuvakasha lwaleso naleso sivakashi.

## OKUBALULEKILE OKUFANELE KUQASHELWE:

- Labo izicelo/iziphakamiso zabo eziphumelele bazokwenza izivumelwano zokusebenza ngokubambisana noMasipala weTheku isikhathi esithile, esizoya ngobukhulu bomcibi nokuhambisana kwawo nezinjongo ezithile ezihlonziwe
- Uma isiphakamiso somcimbi samukelwe bese usuku lwawo lushintshwe emva kokuba luvunywe uMkhandlu ngenxa yobudedengu noma ukungahleleki komhleli womcimbi, leso siphakamiso somcimbi sizobuyekezwa kabusha kubhekwe imihlomulo yalolo bambiswano nokuhambisana komcimbi nezinjongo ezihlonziwe. Akukho siqinisekiso sokuthi luyokwamukelwa uguquko njengoba lowo mcimbi uyobe usungahambisani nekhalenda ebiyisisekelo sokwamukewa kwawo.

## IZINHLOSO EZISEMQOKA ZALOLU BAMBISWANO:

1. Ukuheha izivakashi zakuleli nezamazwe omhlaba ukuba zivakashele iTheku.
2. Ukuzikhangisa nokubeka kahle iTheku ezivakashini zakuleli nezamazwe omhlaba ukuze iTheku libonakale ezivakashini.
3. Ukukhulisa umnotho nokwakha amathuba emisebenzi emkhakheni wezokuvakasha kwabahamba ngamabhanoyi, umgwaqo nolwandle.
4. Ukwandisa isibalo sabantu abasebenzisa zonke izinhlobo zezindawo zokuhlala izivakashi.
5. Ukwandisa isikhathi sokuhlala kwezivakashi eThekwini.
6. Ukukhuthaza ukusabalala kwezivakashi ziye ezindaweni ezahlukene okubalwa emalokishini nasezindaweni zokuvakasha zasemakhaya.
7. Ukuziveza nokuzibeka kahle kwabezindaba emhlabeni wonke jikelele.
8. Ukuthola imihlomulo yesikhathi eside yeTheku ngokuhwebelana ngokushintshana, ukuthola utshalomali lwezokuvaksha nokwakhiwa kwezinto eziyifa lesikhathi eside.
9. Ukwakha isisekelo sokuqala izinto ezintsha nokwakha izinto ezizohlala isikhathi eside emkhakheni wezokuvakasha nemicimbi.
10. Ukukhangisa izindawo zaseThekwini ezivakashini zakuleli nezasemazweni angaphandle ngemikhankaso yokukhangisa eyenziwa ngaphambi kwemicimbi, ngesikhathi sayo nasemva kwayo.

## OKUDINGEKA EZIPHAKAMISWENI EZIFAKWAYO:

Iziphakamiso kufanele zibe neminininingwane ephelele ngemicimbi ephakanyiswayo, zihambisane ne-Event Profile Questionnaire (EPQ) esayinwe ngesandla.

### *IZIPHAKAMISO ZIZOHLUNGWA NGOKUBHEKA LOKHU OKULANDELAYO:*

- Abantu abahlosiwe nokulindeleke ukuba babe khona emcimbini (Abendawo, abakule lizwe nabasemazweni angaphandle).
- Isu lokuheha izivakashi eziphuma ngaphandle kweTheku.
- Amasu okukhangisa nokumaketha iTheku njengendawo yokuvakashelwa.
- Izilinganiso zokuthi umcibi uzokwenza muphi umehluko emnothweni weTheku kusukela ezindaweni zokuhlala izivakashi, amathuba omsebenzi nemali izivakashi ezizoyisebenzisa eThekwini.
- Abemithombo yezindaba obambisene nabo nabantu abakwazi ukufinyelela kubona (kufakwe nezincwadi zezivumelwano).
- Abaye abaxhasi onabo, okungabalwa kubona uMasipala weTheku.
- Abazoheha abantu emcimbini njengamaciko, ama-influencer, o-MC, njl.
- Incazelo yokuthi uMasipala ungahlomula kanjani kulaba bantu ababalulwe ephuzwini elingenhla ukugqamisa iTheku njengendawo yokuvakashelwa.

## IMINININGWANE YEZIPHAKAMISO EZIFAKWAYO:

### *IZIPHAKAMISO KUFANELE ZIHAMBISANE NALOKHU:*

1. Imininingwane ephelele yemicimbi ehlongozwayo nokuthi iTheku lizohlomula kanjani kulolu bambiswano.
2. I-Event Profile Questionnaire (EPQ) egcwalisiwe futhi yasayinwa ngesandla.
3. Zone ezinye izincwadi noma imibhalo edingekayo ebalulwe kwi-EPQ.

Amafomu e-EPQ atholakala kuleli kheli: www.durban.gov.za nakuleli https://tinyurl.com/EPQForm2025Etk

## IMIGOMO NEMIBANDELA:

1. Zonke iziphakamiso kufanele zihanjiswe enhlokohhovisi yakwaDurban Tourism, phakathi kuka-8:30 no-16:00, phakathi nesonto, kuleli kheli:
   - 90 Florida Road, Morningside, 4001, Durban.
2. Usuku lokugcina lokwamukelwa kweziphakamiso: 12 Juni 2025, ngo-14:00. Ngeke zamukelwe iziphakamiso ezifike emva kwalesi sikhathi kanye nezithunyelwe nge-email.
3. Bonke abaletha iziphakamiso kuzodingeka basayine irejista lapho bezobe bezishiya khona. Amarejista asayiniwe ayadingeka uma sekwenziwa ucwaningo lwamabhuku.
4. Ukuthunyelwa kweziphakamiso akusho ukuthi isicelo sakho sesamukeliwe noma sekuphasisiwe ukubambisana nawe noma ukuxhaswa komcimbi wakho.
5. Maqondana nayo yonke imicimbi, emva kokuba iziphakamiso zayo zamukelwe uMkhandlu, kuzodingeka kusayindwe izivumelwano zokusebenza ngokubambisana nabahleli bayo.
6. Yonke imicimbi kumele ihambisane nokulandelwa kwemithetho nemigomo yemicimbi njengoba ibekiwe:
   - Emthethweni Wezokuphepha Emicimbini Yezemidlalo Nokungcebeleka (iSASREA)
   - Emithethweni kaMasipala kanye nakwizinqubo nemigomo elandelwayo maqondana nemicimbi kanye
   - Nemithetho nemibandela elawula ezokutheng anokwenza imicimbi kuMasipala
7. Awukho umcimbi okuzokwenziwa ubambiswano nawo uma kukhona omunye umnyango kaMasipala weTheku onobambiswano nabahleli bawo.


**BAMBISANA NETHEKU, INDAWO ENEMFUDUMALO UKEZEDLULA ZONKE MAYELANA NEMINYE IMINININGWANE:**
**Ms Hlengiwe Dube on hlengiwe.dube2@durban.gov.za /**
**Ms Charmaine Nkosi via Charmaine.Nkosi@durban.gov.za 031 322 4164**


Skena i-QR code ukuthola i-EPQ fomu

DURBAN
THE WARMEST PLACE TO BE